


KASIBONENI UNKULUNKULU

 Lingahlala phansi. Ngiyaxolisa ukuba ngenze lokho, Mfowethu Borders, kodwa bekulendaba ebiyisiphangi phangi khona phandle ngale, ubesifa ngemvukuzane, futhi nje ngasengisiya fika kukho. Nje. . . Ngiyazi lizangixolela ngalokho. Ngakho, sokulungile. Ngiyazonda ukuphuza. Bengilindele nje kancinyane, lokuhlangana labangane, futhi-ke ngeza kuleyi ndaba elethiweyo, embi sibili, sibili, ngakho ngasengi fika kiyi khona ngokuphangisa.

² Kangazi nje ukuthi ngiqalise njani, leyi mini. Bengicabanga emgwaqweni ngaphayana, “Kuyini engingakutsho ku—kubalaleli babantu njenga laba?” Lo ube ungumhlangano obalulekileyo kimi. Futhi kangitsho lokho ngoba ngiphambi kwenu nje. Ngiyakutsho ngoba kuvela enhliziyweni yami. Futhi ngifuna ngamunye walaba abatshumayeli babe kwazi ukuthi ngikuthatha lokhu njengo munye yemihlangano yami emikhulukazi esengake ngaba layo. Kunjalo. Ngenxa yokubambisana kwenu okuhle yikho okumangalisayo. Sengabona izikhathi lezo lapho babese. . . Ngake ngaba labanengi embuthanweni, besiza ngobunengi, kodwa angikaze ngibone umhlangano engake ngaba lawo empilweni yami njengobudlelwano obumnandi ukwedlula engibelakho phakathi kwenu bazalwane. UNkulunkulu alibusise. Ngiyathemba ukuthi amabandla enu azakhula futhi angezelele kuze kungabi lasiphetho kukho. Ngiyakhuleka ukuthi uNkulunkulu alicine enkonzweni aze Abuye. Lowu ngumkhululeko wami oqinisekileyo kini. Futhi ngi—ngibe lakho lapho engibe labatshumayeli abanengi ekusebenzelaneni, njengakwezinye izikhathi eAfrica, India, njengalokho, lapho esasisiba phose lekhulu kubhodi. Kodwa akukaze kube lesikhathi njengaleso, ngokubonakala, ngemuva kwami, inhliziyo inye futhi lengqondo inye. Lokho kuyamangalisa sibili. Ngiyakuthakazelela lokhu, bafowethu. Futhi mina sibili, loba yini engingalenzela yona, khumbulani nje ngingumfowenu. Ubusuku kabubi mnyana kakhulu, izulu kaliyi kuna kakhulu, bona, ngizakwenza lobayini engingayenelisa ukulincedisela ukuqhuba leli Vangeli elikhulu kumbe ngilenzele olunye ulutho. UNkulunkulu ahlale ekanye lani!

³ Ngifuna njalo ukuthi ngithi, kumfowethu omncinyane lapha, uRoy Borders, ngibemazi nje uMfowethu Borders okwesikhathi esifitshane. Ngangihlala ngifuna umuntu owayezangihlelela imhlangano. UMfowethu Roy wayekhangeleke etshaya khona endaweni. Akasuye umtshumayeli. Ungusomabhizimusi. Ngamvumela wahlela emibili kumbe emithathu imihlangano, ukubona nje lokho ayengakwenza, futhi lokhu yikho

okuphumileyo: ingqondonye. Futhi ngokujwayelekileyo nxa umtshumayeli ebuya ukuzolihlelela imihlangano, awu, kuhlezi kukhona umtshumayeli oleyinye into, futhi ulemfundiso kumbe—kumbe enye into njalo leyo—leyo afuna ukuyiletha. Futhi angene phakathi kwexuku labatshumayeli ebeseletha imfundiso, khona-ke—khona-ke ubususiba senkathazweni. Bona? Ngakho, kungcono emuntwini hatshi umtshumayeli.

⁴ Kanje, ngingena, omunye ungibuzile, wathi, “Mfowethu Branham, uyiJesus Only, ungoweJesus Only na?”

⁵ Ngathi, “Hatshi ngempela.”

⁶ Futhi wathi, “Omunye wathi kawukholwa yikukhuluma ngendimi.”

⁷ Ngathi, “Kabangazi kuhle sibili, yikho kuphela. Sibili, ngiyakholwa.”

⁸ Manje, futhi uMfowethu Borders sibili ungumKhristu indoda ethambileyo, wenza umsebenzi omuhle sibili. Futhi ngiyambonga sibili uMfowethu Borders ngokunginxusa. Ubezinsizi ezinengi, uhlupho olunengi, kodwa yena u—yena wenze umsebenzi omuhle. UNkulunkulu abusise uMfowethu Borders, ngumkhuleko wami oqinisekileyo.

⁹ UMfowethu Wagner, ngicabanga unjengo mgcini sikhali, ngiyakholwa. Nguye ebengihlangana laye kokuphela, owe komithi. Umsebenzi omangalisayo, njenga lokho akwenzayo ngesinye isikhathi, kuhle. Wanginxusa ngekhaya ukuba kanye laye, ngahlala ekhaya lakhe. Ngangifuna sibili ukukwenza kabi lokho, ngangi phose nje ngikuzwe. Ngenza okokwala ngoba ngacabanga mhlawumbe, kanye lalobu budlelwano obumangalisayo, ngingathanda ukubuya emakhaya enu munye ngamunye, bona, ngiyathanda ukubona munye lamunye wenu. Futhi nga—ngahlonipha imizwa yenu, futhi ngileqiniso uMfowethu Wagner wazwisisa nje ukuthi khona bekunjani, uyabona. Ukuthi ngi... nxa ngingaya kuMfowethu Wagner, ngingafuna ukuya komunye lomunye wenu njenga lokho. Nxa ngingakwanisi ukukwenza lokhu, Mfowethu Wagner, ngolunye usuku nganeno, nganeno nje, Ngifuna iminyaka eyinkulungwane, ngamunye, kanye lalowo lalowo wenu. Ngakho nje sizakuba lesikhathi esimangalisayo phetsheya Le!

¹⁰ Mfowethu Toy, yena ngeqiniso, yena nje... Kangiboni ukuthi wenza njani izinto ezinengi ngasikhathi sinye, kodwa ngeqiniso uyanelisa ukuba okunengi kwenziwe. Ngambona ngolunye usuku ekudleni kwekuseni kwaMadoda angoSomabhizimusi, ukuthi wayethatha ingxenyane yomtshumayeli, umdikhoni, umcgini wendawo, lalobayini okunengi okwakubuya, futhi wayezama ukukwenza konke. Uyayithanda iNkosi. Ngaba lethuba lokuhlangana lomkakhe, futhi lokubona indodakazi yakhe enhle lomkakhe behlabela. Khona ngeqiniso kwakuphakamisela. Ngathi nje kuye,

isikhatshana esibalwa esedluleyo, “Kabadingi ukuba sekhaya, besebenza umsebenzi wenjwayelo. Bafanele ukuba phandle enkundleni zokuvangela kwenye indawo, kanye lezipho ezinkulu njenga lokho.”

¹¹ Bona, munye lamunye ulakho, ngithemba kangitshiyi ngitsho loyedwa phandle. Inina elidlala ipiyano, abahlabeleli, amakwaya, labo bonke abekade, ngeqiniso ngiyakuthakazelela ngenhliziyo yami yonke.

¹² Futhi labafana lapha, uGene loLeo, bayafisa ukuphumisela imizwa yabo kini, njalo, ukuthengwa kwamathephu lamabhuku, lengxenye abafanele bayiphathe. Ngihlangane labo nje emnyango, isikhatshana esibalwa esedluleyo, futhi ngabathshela ukuthi ngizaphumisela imizwa yabo kini bantu. Bayathakazelela ngeqiniso yonke into eliyenzileyo ekubancediseni lengqubo enkulu kaNkulunkulu.

¹³ Futhi manje lokhu kuvela kimi, indodana yami, umkami, lomalukazana wami, labobonke. Abanengi, omunye ubesithi, “Ngubani uDade Branham?” Yinkazana elenhloni kakhulukazi engake ngayibona empilweni yami yonke. O, minabo!

¹⁴ UMfowethu Art Wilson, ngileqiniso lonke liyamazi. Ngiyakholwa kwakungumfowethu... Hatshi, kwakungu Mfowethu Jewel Rose, obunye ubusuku, wathi, “Siza kuba loDade Branham abuye phezu kweplatifomu,” futhi waphosa inhliziyo yama. Yena nje... Ugcwele inhloni sibili.

¹⁵ Sithandwa, nxa ungeke uqaleke, ungasukuma nje okomzuzu, ukuze omunye abone ukuthi yinkazana bani ehlabusayo engayithathayo. Kulungile. [Ibandla liyaqakeza—Mhl.] Umalukazana wami, umka Billy, uLoyce, ungasukuma, Dade, okwesikhatshana nje. Lowo ngumka Billy, [Ibandla liyaqakeza] futhi lomalukazana wami.

¹⁶ Abanengi benu selezwa ngoJoseph. Kalizange na? Abantu baseAfrica manjemanje bamthumela ijazi elincinyane elilamabala amanengi. Ngambona iminyaka eyisithupha engakabuyi, lapho udokotela esithi kasisoze sibe lomunye umntwana, sasingeke sibelaye. Abantwana bethu babezalwa ngokuhlinzwa. Umama wami, abantu bomkami bayileyo ndlela, baya, abantwana babo bonke bazalwa ngokuhlinzwa. Futhi iNkosi yangitshela ukuthi ngizakuba lalumntwana, lapho udokotela esithi kwakungeke kwenziwe, wathi kwakungeke nje kwenziwe. Ngathi, “Kuzakwenziwa, kungenani.” Futhi samelela iminyaka emine, emva kombono usubuyile ukuthi ngizakuba lomfana, futhi ngimele “ngibize ibizo lakhe ‘Joseph.’”

¹⁷ Futhi, emva kwalokho, kwaba leyinye inkazana eyazalwayo. Wonke umuntu wangihleka, futhi bathi, “Ubusitsho ‘uJosephine.’”

¹⁸ Ngathi, “Hatshi. Bengisitsho ‘UJoseph,’ njengomfana.” Yena mhlawumbe uzathatha indawo yami lapho sengingasekho,

nxa uJesu ephuza. Futhi eminye iminyaka emine; khona-ke udokotela wayeqinisekile ukuthi kakusoze kubelomunye; eminye iminyaka emine, uJoseph wafika.

¹⁹ Ngingazi, mama, nxa ungamphakamisela phezu nje okomzuzu. Ngifuna ukuthi babone ukuthi...Lumfana umoya wesiprofethi uphezu kwakhe. Futhi yena...Sukuma nje kancinyane, Joseph. Nango-ke lapha. Kulungile. [Ibandla liyaqakeza—Mhl.] Unjengonina, ugcewele inhloni.

²⁰ Ngizalitshele lokho okwenzakalayo. Sasingekho... Useleminyaka emine khathesi. Kodwa lapho esaselemithathu, sasiphumile. Futhi wathi, “Baba?”

Futhi ngathi, “Yebo, sithandwa.”

²¹ Wathi, “UDavid...” Lo ngumfana owayeyisilima, futhi wasiliswa, indodana kaMnu. Wood ongumakhelwane wethu. Wathi, “Ngangi...ngimbone ebhewuka ephezu komdududu.” Akala ngitsho lomdududu. “Futhi kwalimaza unyawo lwakhe, wadabula impahla zakhe esandleni sokudla.”

Ngathi, “Bekungaphi lapho, sithandwa?”

²² Wathi, “Phansi esitaladeni lapho esihlala khona.” Futhi insuku ezintathu sezedlule, umfana wabuya evela eKentucky, egade umdududu, futhi uDavid waya phansi esitaladeni futhi walimaza uhlangothi lokudla futhi wadabula impahla zakhe, njenga lokho uJoseph akubonayo.

²³ Lapho ngimnikela eNkosini, leyo kuseni, kwakulensane ezincinyane ezinengi zimile, futhi zilabonina kanye labo elathini. Lapho ngiphakamisa uJoseph engalweni zami, ngingacabangi ngalokho engangikutsho, Ngathi, “Joseph, ndodana yami, wena ungumprofethi.” Ngumkhuleko wami, kungenani, futhi ngiyakholwa kuzakuba njalo, ukuthi, uNkulunkulu uzathatha konke lokho ake Wangipha khona, futhi akuphinde khona ngokuphindiweyo, futhi akubeke kulowo mfana, khona-ke lapho ngisuka ukuthi uzakuthatha indawo yami.

²⁴ UBilly ubengumngane wami. Ngimkhulisile; unina wabhubha lapho esaselenyanga ezilitshumi lesificaminwembili zobudala; futhi bengingu baba lomama, konke, kuye. Kodwa ukhangeleka njengokuthi akalalo ubizo lokuba ngumtshumayeli. Ulamahloni, uhambela muva, lokunjalo, isibili njengo nina, ulenhloni. Kodwa ubelusizo olukhulu kimi emhlanganweni, ngoba ngamthemba, ngamusa phandle le futhi ngamnika umsebenzi olomlandu. Bona, lowo msebenzi wamakhadi okukhulekelwa kungumsebenzi olomlandu. Omunye angakubamba lokho futhi athi...Enye indoda kwesinye isikhathi yathi, “Ngizakunika amadola angamakhulu amahlanu nxa ungabeka umkami kupulatifomu.” Aluba lokho kungenzeka? Khonake kuyini lokho uMoya oNgewele? UBilly wazi ngcono ukwazi ukungakuzami lokho. Wayesazi ngangikufumana khona ngesikhathi efika kupulatifomu, ngakho,

iNkosi iyabe izakwambula. Yikho wa—wayengeke akwenze, ngakho sonke siyalibonga.

²⁵ Futhi ke kumgcini wendawo, indoda ethambileyo esincedisayo esangweni lapho, futhi ngicabanga ungazathi ngumgcini lapha, kumbe enye into, kumbe umlindi esangweni. Futhi lakubantu bonke abasivumela ukuba laleyi iholu enhle, angeke ngithi nje “ngiyabonga” okweneleyo. Ngiyakuthakazelela khona ngeqiniso, lakho konke ngayo yonke indlela, layo yonke into eyenziweyo.

²⁶ Manje bangitshelile, uMfowethu Borders, isikhatshana esedluleyo, ukuthi bangithathele umnikelo wothando. Ngiyakuthakazelela lokho, futhi ngenhliziyo yami yonke. Ngizakusebenzisa, ngolwazi oluhle lwami lonke, ngokoMbuso kaNkulunkulu. Manje, kakusikho esikugcinayo lapha okubalwayo, yilokho esikuthumelayo. Futhi ngiqinisekile ukuthi uNkulunkulu uzakubalela phezu komvuzo wenu eMbusweni ozakuza.

²⁷ Manje, kangila hlelo lomsakazo. Kangila lutho lokuthengisa. Kodwa nxa ungafuna enye yalawa amahenki kumbe enye into yokukhulekelwa, lingibhalele kuJeffersonville, Indiana, Post Office Box 325. Kuza nakekelwa, ngqo, futhi kuthunyelwe khona kuwe. Futhi ngiyakholwa kuleyo nkonzo. Futhi-ke nxa ufisa ukungifonela, BUTler 2-1519 kungithola eJeffersonville, Indiana. [Inombolo zefoni sezintshintshiwe.—Mhl.] Ngakho, kumbe nxa ungeke ukucabange lokho, ungibuze nje eJeffersonville, bazafona. Manje, kangikwenzi lokho ukuthola ikheli yakho, ngoba ngilesikhathi esinzima ukuthola omunye umuntu ukungiphendulela izincwadi, lokunjalo. Futhi manje kangikho kangaka...Kulungile, ngiyakholwa kulezi nhlelo. Yonke into eyakusiza uNkulunkulu, makwenzeke.

²⁸ Kodwa, uyazi, ngizwa njengalokhu, ukuthi ilunga lebandla, umlandu wabo wokuqala uyilokhu, ngokwetshumi kwabo lemnikelo, yikusekela ibandla labo. Nxa lingamalunga alawa mabandla amahle amelwe lapha, sekela ibandla lakho. Ngumlandu wakho wokuqala kuNkulunkulu. “Letha okwetshumi kwakho lemnikelo esipheleni.” Futhi isiphala, uyazi ngeqiniso ukuthi lokho kuyini, kulapho othola khona ukudla kwakho. Ngakho, kulapho othola khona ukudla kwakho kukamoya, futhi umlandu wakho usebandleni lakho futhi hatshi kumvangeli onjengami.

²⁹ Kuthethwe emihlanganweni lapho silemikhankaso enjengalokhu, lapho okuba khona ukubeka okuncinyane eceleni ukuncedisa ukusekela, lokho kuyanginakekela. Futhi ngiyalibonga sibili. Futhi sonke isikhathi, amalembu omkhuleko kumbe enye into enjenga lokho, khona akubhadaliswa. Kakula lutho phakathi kwakho lakancane, kasi. . .

³⁰ Futhi amabhuku ethu, lokunjalo, lapho siwathengisa, wona a . . . Kumele siwathenge, amaphesenti angamatshumi amane ngaphansi kwalokho esikuthola ngawo, futhi-ke si . . . lokho, kudlula lapho, uyathola ukonakala okunengi kuwo, ubusuthola imbado yokuwathwala, khona-ke ube usuwathwalela lapha futhi-ke ubusuwathengisa. Ngani, ubungeke, ubungeke uthole inzuzo ngawo loba ubufuna, bona. Kodwa siyakwenza khona nje ngenxa yokuthi yikufikisa uMbiko kuwe, ukuzama ukukwenza ukuthi uncedakale, ngokwakho; futhi-ke utshelwe omunye, futhi ukudlulisele kibo. Yikho lezi izinto ezingakho, kayisikho na? Isikhomanisi siyanikeza amabhuku aso lezingwalo zemfundiso yabo, kungela mbhadalo, ngoba bangumbuso omkhulu. Mina nje ngingumuntu oyedwa. Ngifisa ngangikwanisa, ngilemali ukuthi nje ngithi “wonke amabhuku layo yonke into, kungabhadalwa,” ngangikwenza. Kodwa angeke ngikwenze, ngimele ngibe lolunye ulutho lokubuyela njalo futhi ngidindise amanye njalo, kumbe—kumbe ngithenge amanye njalo.

³¹ INkosi ilibusise. Futhi lingikhulekele, kalisoze na? Futhi lapho ngiphetsheya kolwandle, futhi kulezo ndawo ezimnyama lapho izinyanga ezimi khona kuhlangothi ngalunye, zimelana lawe kuyo yonke into oyitshoyo, izikhathi ziba nzima, imimoya etshisayo yokuzingelwa ivunguza, ngingalibeka kuluhlu na, kumbe lingibeke kuluhlu lwenu, futhi ngingakhumbula lapho sekumele ngihlangane lokugolonjwa lokho kwezinyanga labodeveli, lezinto phandle lapho enkundleni, Ngingathi, “ISan Jose iyangikhulekela?” Lingakwenza, lingakwenza lokho na? Phakamisa isandla sakho nxa ungakwenza, uthi, “Ngizabe ngikhulekela.” Ngiyabonga. Ngiyabonga, bazalwane bami. Ngiyabonga. Ngiza phakathi kwenu, ukuba ngumfowenu, futhi lokuletha . . . ukuncedisa ukuletha ukuthula loKhristu, yonke into enhle kini. Lingikhulekele. Nxa ngitshiye loba ngubani, lingixolele, Kangizimisela ukukwenza. Kodwa ngenhliziyo enkulu “ngiyabonga,” futhi izibusiso zikaNkulunkulu komunye lamunye wenu.

³² Sesiza suka sisiya ekhaya khathesi, khona manje. Ngilomhlangano phose wensuku ezintathu lapho ebandleni lami elincinyane, ngibafundisa ngobhaphathizo lukaMoya oNgcwele, ukukhuluma ngendimi, izibonakaliso lezimangaliso kulandela abakholwayo, futhi lokunjalo; ebantwini abalapho, phakathi khonapho.

³³ Ngiyakholwa kuzo zonke izipho zikamoya. Ngiyakholwa kulo lonke iBhayibhili. Ngingumphentekhosti kusukela phezu kwekhanda lami kusiya phansi kwenyawo zami, phakathi, phandle, yonke indawo, indlela yonke. Ngingu mPhentekhostali! Yebo, mnumzana! Bathi, “Ungum ‘Baptisti,’ wena watsho.” NgingumPhentekhostali Baptisti. NgingumBaptisti oleSibusiso sePhentekhosti. Ngakho ngi . . . Ngiyayithanda iNkosi uJesu.

³⁴ Futhi ngangitshumayela...Ngahlangana labangane abevela eArkansas, phandle, futhi sasikhuluma ngeArkansas. Futhi eLittle Rock, obunye ubusuku njenge...Kwakukhona umzalwane omdala ongumNazareni owayehamba ngezigodo, futhi wayethengise amapenseli esitaladeni, okweminyaka. Futhi nangu elapha phandle esitaladeni, ngosuku olulandelayo, elalezo zigodo ezindala, ehamba eqansa-futhi-esehla esitaladeni, edumisa nje uNkulunkulu. Lobo busuku yena waye...eRobinson Memorial Auditorium, lina bantu abavela lapha eLittle Rock liyakwazi lapho okukhona. Futhi—futhi waphakamisela isandla sakhe phezulu, futhi wathi, “Umzuzu nje, Mfowethu Branham, ngifuna ukukubuza enye into.”

Ngathi, “Yebo, mnumzana, kuyini?”

³⁵ Futhi wasesithi, “Uyazi, lapho ngikuzwa utshumayela, ngangileqiniso ukuthi wawungumNazareni.” Ngoba, yikho lokho ayeyikho. Wathi, “Ngangi leqiniso wawungumNazareni, ngoba utshumayela njengomNazareni.” Futhi wathi, “Khona-ke ngasengikuzwa usithi ulilunga, ngaleso sikhathi, lebandla leBaptisti.” Futhi wathi, “Lonke ibandla lakho, phose, liyiPhentekhostali.” Wathi, “Kangikuzwisisi lokho.”

³⁶ Ngathi, “Awu, lokho kulula. NgingumPhentekhostali Nazareni Baptisti.” Ngakho yikho lokho okuyikho. Into yonke yilokhu: simunye, kuKhristu Jesu, sibotshwe yizibopho zothando Lwakhe.

³⁷ Kasikhulekeni khathesi ngaphambi kokuvula iLizwi, kasifuni ukuligcina isikhathi eside manje ukuthi liphuze enkonzweni yebandla lenu lobubusuku. Kodwa kasiceleni uNkulunkulu khathesi ukungena phakathi futhi asibusise, ngokudlulisileyo, ngokunengi. Bangaki abalesicelo khathesi, phakamisani izandla zenu futhi lithi, “Nkosi Nkulunkulu, Wena nje ungikhumbule, ngi—ngilesidingo lamuhla”? UNkulunkulu abe lani.

³⁸ Baba oseZulwini, lapho sisiza njalo kuBukho Bakho obuNgewele, si f-...hatshi, futhi, sizwa kuphela sifanele sikhuphe izicathulo zethu, kodwa siyakhuphela phandle inhliziyiyo zethu futhi siyibeke phambi Kwakho, Baba. SiyaKubonga ngakho konke lokho Okwenzileyo kulumkhankaso omkhulu. Siyananzelela, Nkosi, ukuthi ubukhulu akutsho amanani. Ubukhulu yiBukho Bakho. Ngoba, kwakulotshiwe ngokubuya kukaMesiya, ukuthi “zonke indawo eziphakemeyo zizakwehliswa, futhi lendawo ezehlileyo zizaphakanyiselwa phezulu; amahlamvu azaqakeza izandla zawo, futhi lezintaba zizakweqa njengenqama ezincinyane.” Futhi umuntu angacabanga ekucabangeni kwengqondo zabo, okwaleso sikhathi esikhulu esasizakuba khona, ukuthi inqola zomlilo zazizabuya zivela eZulwini, ziletha uMesiya. Kodwa kwenzakala njani? Kumtshumayeli omdala okhangeleka emanikiniki,

ephuma evela enkangala leJudiya, engagqokanga ngitsho njengomtshumayeli; elozwezwe lwesikhumba lumthandele, okwe—okwelembu; uboya umzimba wonke, futhi lendevu zakhe ebusweni bakhe; etshumayela, hatshi phakathi kwebandla, kodwa ekhunjini lukaJordani, ememeza, “Phendukani, ngoba uMbuso weZulu ususondele!” Phansi ekhunjini olulamadaka, kweza izidindo zonyawo zoMbazi waseGalile, ezangena emanzini, futhi loNkulunkulu wakunanzelela futhi wakuhlonipha waze wavula amaZulu futhi babona uMoya oNgcwele usehla njenge juba phezu Kwakhe. Lokho kwakukukhulu. Lokho umuntu abakubiza ngokuthi “kukhulu,” kwesinye isikhathi kuyibuwula emehlweni Akho, Nkosi. Kodwa lokho umuntu akubiza ngokuthi “ubuwula,” kukhulu emehlweni Akho.

³⁹ Manje siyathokoza ukuthi into enkulu iyenzakele eSan Jose. Lapha kuhlezi abatshumayeli abahlezi lapha, abanye babo ngabe Assemblies of God, abanye babo ngabe Church of God, Independent, leUnited Pentekhostali, lazo zonke inhlobo ezitshiyeneyo. Futhi lapha ngimile phakathi kwabo, ngingangeni kuloba yiphi inhlanganiso, kodwa ngizama ukuma esikhaleni, ngikhulumela bonke. Futhi simunye, Kuwe; inhliziyonye, ingqondo nye, ndawonye. Kuyisikhathi esinjani uMoya oNgcwele avuselele kakutsha enye into! Kuvumele, Nkosi. Woba kanye lathi Wena, Nkosi. Busisa yonke inhlanganiso yesonto ekhona imelwe lapha. Kuvumele, Baba. Bonke laba abatshumayeli abahle, makuthi amabandla abo akhule futhi aphumelele, Nkosi. Makuthi abagulayo basiliswe, iziphofu zibone, izacuthe zizwe, izoni zisindiswe futhi zigcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Makube lemvuselelo eqhamukayo kuleli lizwe lapha, ezanyikinya lonke uKhunji lwaseNtshonalanga. Kuvumele, Nkosi. Makube khona ukuqhamuka kwentshisekelo phakathi kwabazalwane bami, ukuthi bangeke nje baphumule; omunye uzalumathisa omunye, futhi lebandla ngalinye lizakuya phambili njengokubambana kunye okukhulu, lisiba lobudlelwano omunye lomunye, behlephula isinkwa indlu ngendlu, ngobunye behliziyonye. Kuvumele Nkosi. Thumela leyo mvuselelo esiyilindeleyo.

⁴⁰ Busisa ibandla, lapho belindela limini ukusiliswa kwabo, futhi labanengi insindiso yabo. Futhi ungisize, O Nkulunkulu, lapho ngibala kuvela emaZwini Akho angcwele. UMoya oNgcwele makathathe lokho okungoKwakho, Nkosi, futhi akulethe enhliziyweni zethu. Futhi-ke ngisebenzise, Nkosi, ukupha ingxenye yesabelo esisuthisayo seLizwi Lakho kweyinye layinye inhliziyonye elambileyo. Ngizwe, ngiyakhuleka, Baba, eBizweni likaJesu ngiyakucela khona. Ameni.

⁴¹ Omunye unginike okuyincwajana okuncinyane nje, futhi wathi, “UMfowethu Baxter, ovela eCanada, uthumela uthando lwakhe lezibingelelo kini, futhi ulapha eCalifornia khathesi,

ubambe umhlangano eConcord.” uNkulunkulu abusise uMfowethu Baxter. George Patterson, ukhona lapha na? George Patterson, ukhona emhlanganweni na? Nxa ukhona, thatha uthando lwami... uNkulunkulu akubusise, Mfowethu Patterson; fikisa uthando lwami kuMfowethu Baxter, indoda enhle. Futhi nxa abanye benu bekhona khonale, nxa ufuna ukuzwa intshumayelo itshunyayelwa yindoda ekwaziyo ukuthi kwenziwa kanjani, yanini ukuyamazwa, nxa likhona lapho; ngeqiniso ungumtshumayeli omangalisayo. Thina sasisonke okweminengi iminyaka, eminengi. Uthando lwami kalukaze luphele kuMfowethu Baxter; kalusoze lwaphela. Ulebandla elikhulu eCanada. Ube ngasakwanisi ukuba lami futhi, ngenxa yokufunakala ebandleni lakhe.

⁴² Ngiyakwazi ukuthi lokho kuyini. Loba iThabhanekeli lami lamuhla, iqembu lami elincedisa ngemali... Manje, abantu abathumela izipho kuleli iqembu lemali, balenombolo kahulumende ephenduka ize kuwe, ukukukhulula ekubhadaleni umthelo kukho konke okuthumela kuleliqembu lemali. Kuliqembu e—elingatholi inzuzo ngemali, elibizwa ngokuthi Branham Thabhanekeli. Futhi ngiyakwazi, lapho, bona abaphathi bangifuqa, “Kasakheni ithabhanekeli elikhulu, hlala ulapha futhi uvumele abantu babuye kuwe.” Lokho kuzwakala kukuhle, kodwa lokho kayisiyo ntando kaNkulunkulu kimi. Kulabanye abantu abangelamali eneleyo ukuza kimi, kumele ngiyekibo. Bona? Ngakho ngi—ngiyakwazi lokho okuyikho uba ubanjwa ngamandla.

⁴³ Futhi uMfowethu Baxter waba lakho kufakwa phezu kwakhe, ngakho wenza okokutshiya umkhankaso futhi aye ebandleni lakhe. INkosi ibusise uMfowethu Baxter. Limhambisele uthando lwami lezibingelelo, kuye ngqo, usenzela mina, nxa ungakwenza, mfowethu.

⁴⁴ Khathesi kasivuleni emBhalweni, phose okwemizuzu engamatshumi amabili alandelayo, kokunye kweLizwi, lelo, Alisoze lehluleke. Futhi bonke abantu abalapha, abagulayo, abalesidingo saloba yini, zivumele nje ungene khona eLizwini. Bengizakutshumayela limini phezu kokuthi *Lapho Inggungqulu Iyaluza Isidleke Sayo*, kodwa, ngathola ukuthi, abafana bayithola lapha futhi bayithengisa phakathi kwabantu, esimweni sebhuku. Futhi ke, ngiheleza nje kancinyane emphinjeni wami, ngathatha esinye isifundo. Futhi ngacabanga manje ukuthi ngikhulume yonke into ebikade imele ikhulunywe. Kulungile. Kasivuleni kuJohane, oNgc. uJohane, isahluko 14, ekubaleni koMbhala wethu. Futhi lilalelisise lapho sibala indima zokuqala eziyisificaminwembili zikaJohane 14.

Inhliziyo zenu kazingakhathazeki: kholwani kuNkulunkulu, likholwe lakimi.

Ekhaya likaBaba kukhona izindlu ezinengi: uba kwakungenjalo, ngabe Ngalitshela. Ngiya futhi ukulilungiselela indawo.

Futhi uba Ngihamba ukuyalilungiselela indawo, Ngizakubuya futhi, njalo ngilamukele kimi; ukuze lapho eNgikhona, libe khona lani.

...lapho eNgiyakhona liyakwazi, futhi lendlela liyayazi.

UTomasi wathi kuye, Nkosi, kasikwazi lapho uyakhona; futhi singaba yazi njani indlela?

UJesu wathi kuye, Mina ngiyindlela, leqiniso, lokuphila: kakula muntu oza kuBaba, kodwa ngami.

Uba belingazile mina, belizamazi loBaba wami: futhi kusukela khathesi liyangazi mina, futhi selingibonile mina.

UFiliphu wathi kuye, Nkosi, sitshengise uBaba, futhi kuzasanela thina; ngamanye amazwi, kuzasisuthisa.

⁴⁵ Manje yikho lokho engifuna ukukhuluma ngakho, leyimini. Bekuyikukhala kwenhliziyo yomuntu, okwe... kusukela sabangabantu, singathanda ukubona uNkulunkulu. Futhi ngifuna ukuthatha phose indlela ezine, limini, ukulitshengisa uNkulunkulu. Kuqala ngifuna ukuthatha uNkulunkulu endalweni Yakhe, uNkulunkulu eLizwini Lakhe, uNkulunkulu eNdodaneni Yakhe, uNkulunkulu ebantwini Bakhe. Futhi singakuthatha ngezinye indlela ezinengi. Kodwa ngizathanda ukukhuluma kuvela kulezo zifundo ezine, indlela ezine ezehlukeneyo esizakhangela kuzo, ukubona uba singambona uNkulunkulu. Manje, kakulamuntu lapha kodwa lowo ongathanda ukuMbona. Alingeke lithande ukubona uNkulunkulu na? Ngingathanda ukuMbona. Ngakho uba EnguNkulunkulu, lokho esikwaziyo ukuthi Unguye, khona-ke kungani singaMboni?

⁴⁶ UJobe ngesinye isikhathi watsho lokho, iBhuku elidala kulawo wonke eBhayibhili, watsho into enjengaleyi, “Uba bengisazi kuphela lapho Ahlala khona, bengizakuya ngiqoqode emnyango Wakhe. Futhi bengingathanda ukukhuluma Laye.” Futhi waqala ukukhuluma loNkulunkulu. UNkulunkulu wamtshela ukuthi azibophe inkalo njengendoda, ngoba Wayezakukhuluma laye. Futhi Wehla phansi ngesivunguzane, futhi wakhuluma kuJobe.

⁴⁷ Kungikhumbuza ngokwe...lapho duze lendawo yethu. Sihlala eMfuleni iOhio. Futhi kwakulomfana omncinyane owahamba esiKolweni seSonto esithile, isiKolo seSonto seBaptisti, elizweni lethu, futhi yena wayethabile kakhulu. Ngolunye usuku lapho ebuza unina, “Uba luMuntu omkhulu othiwa uNkulunkulu, lowo esiya ebandleni ukumkhonza, uba

Engumuntu omkhulu kangaka, angazi uba ungangivumela ukuMbona? Ngithanda ukuMbona.”

⁴⁸ “O,” umama wathi kuncane wakhe omncinyane, wathi, “awu, mfanyana, kumele ubuze umfundisi wesiKolo seSonto yakho, umama kenelisi ukupha leyo mpendulo.”

⁴⁹ Ngakho esiKolo seSonto wakhuluma kumfundisi wakhe, futhi wathi, “Kangelisi ukukupha lokho, lami, ngakho kungcono ubuze umalusi.”

⁵⁰ Futhi ngemva kwentshumayelo, babuza umalusi. Futhi umalusi wathi, “Hatshi, mfanyana.” Wathi, “Akula muntu ongabona uNkulunkulu.” Wathi, “uNkulunkulu unjengomoya, futhi kawungeke uMbone.” Futhi, kunjalo, lokho kakuzange kusuthise lumfana omncinyane.

⁵¹ Futhi wayevame ukuba ngumngane lenye indoda endala phansi kuMfula iOhio. Futhi wayeluhlobo lomthiyi wenhlanzi omdala, ubumpunga endevini zakhe, futhi ulamatshumi ayisithupha lanhlanu, amatshumi ayisikhombisa ubudala beminyaka, engathathanga, ehlala edumbeni lesikepe esincinyane. Futhi ngike ngagola inhlanzi laye, ngokwami, futhi sasijwayele ukuya phezulu ezihlengi futhi sigole, sithiye ngamahuka amanengi ezintanjeni. Ngakho lumfana omncinyane waye laye ngolunye usuku, phezulu emfuleni. Futhi emgwaqweni sebephenduka, kweza isiphepho basebegijimela masinyane okhunjini, ukuyokhuphela phandle isikepe esincinyane, ngoba amagagasi ayamakhulu kabi futhi ebhubhudla amagwebu amhlophe, aze aphose agenqule isikepe esincinyane. Ngakho emva isiphepho sesiphelile, futhi baphuma emuva kwezihlahla, bafuqa isikepe esincinyane basisusa okhunjini, futhi basebengena ekugelezeni komfula, okwakuphose kube limayila elilodwa udabula uMfula iOhio lapho. Wasuka esehla phansi emfuleni, endenda lapho, lapho umgoli wenhlanzi omdala ehweba izigwedlo.

⁵² Futhi lapho besemuva kwesihlahla, umgoli wenhlanzi omdala wayetshela lumfana omncinyane indaba (njengokuba wayembuzile) kungani wayengathathanga, futhi engelamuntu wokumnakekela. Futhi wathi, “O, ndodana, kukhona Omunye onginakekelayo. Futhi isizatho kungani ngingathathanga, umkami useZulwini, ungilindele.” Futhi waqhubeka ngendaba.

⁵³ Futhi lapho bengena ekugelezeni, babesiya empumalanga lesikepe esincinyane. . . kumbe besiya entshonalanga, bengifuna ukutsho, lesikepe esincinyane, futhi lomgoli omdala ekhangele. . . ngemuva phezulu emfuleni entshonalanga, kwakusemini, le—lelanga laselitshona. Futhi, emva kwezulu, kweza umchilo wamakhosikazi.

⁵⁴ Futhi, o, ngicabanga kuyisikhathi esihle sibili! Lapho izulu seligeze lasusa ingcekeza yonke ezihlahleni, futhi—futhi zikhangeleka zizinhle sibili, ziluhlaza, ngemibala yazo

yasekuqaleni. Futhi wonke amaluba mahle futhi lomumo waphandle uphansi, futhi uletha ukunukelela kweluba lerosi. Kuyisikhathi esihle nje, emva kwezulu.

⁵⁵ Ngicabanga kuyangikhumbuza, emva kwemvuselelo, lapho uMoya oNgcwele engenile phakathi futhi wagezisa uthuli lonke lwaphuma, futhi—futhi wasenza sahlabusa njalo phambi kweNkosi. Ukuma nje eBukhoneni be. . . njengalokhu engiyikho kulimini, ngigeza nje lapha eBukhoneni beNkosi uJesu. UMoya oNgcwele esusa ukuthandabuza konke lokwesaba lezinto khatshana lathi, futhi sisima ndawonye, ngemva u—umfefezo ovela eZulwini usugcwalise imphefumulo yethu.

⁵⁶ Lapho umgoli wenhlanzi omdala equalisa ukudonsa isikepe sakhe, umfana omncinyane wananzelela ukuthi inyembezi zaqala ukuphuma zisehla ebusweni bomgoli. Futhi umfana omncinyane watshibilika ukukhangela lokho ayekukhangele, futhi lapho kwakulomchilo wamakhosikazi esibhakabhakeni. Ngakho lumfana omncinyane ehlezi emsamu wesikepe, waqala ukutshiseka. Ngakho wayebambebele emaceleni entambo yesikepe, futhi wasephakama, futhi wasegijima waya emsamu wesikepe futhi wawela phansi ethangazini lomgoli omdala. Futhi wathi, “Ngifuna ukukubuza enye into umamami kumbe umfundisi wesiKolo seSonto, kumbe umalusi, behluleka ukungiphendula.”

⁵⁷ Futhi umgoli wenhlanzi omdala wema ukugwedla kwakhe, futhi wathi, “Kuyini, mfanyana?”

⁵⁸ Wathi, “Ngikunanzelele ukhangele umchilo wamakhosikazi.” Wathi, “Bangitshela ukuthi uNkulunkulu wabeka lokho phezulu lapho.”

Wathi, “Lokho kuliqiniso, mfanyana wami.”

Wathi, “Uba uNkulunkulu emkhulu kangaka, ukhona ongaMbona?”

⁵⁹ Futhi umgoli omdala wasemsingatha umfana omncinyane esifubeni sakhe, futhi wathi, “Izibusiso phezu kwakho, mfanyana wami omncinyane! Akuthi ngikutshele enye into. Konke lokho engikubonileyo eminyakeni engamatshumi amahlanu edluleyo bekunguNkulunkulu.”

⁶⁰ KwakuloNkulunkulu kangako ngaphakathi, waze waMbona ngaphandle. Manje, yiyo indlela kuphela ozenelisa ukubona ngayo uNkulunkulu, yikuMgenisa ngaphakathi kwakho, umvumele Akhangele ngamehlo akho, futhi UzaZibonakalisa.

⁶¹ Yebo-ke, uNkulunkulu usendalweni Yakhe. Kakula muntu olengqondo zakhe eziqondileyo ongacabanga ngoku. . . Yehla phansi lapha eLos Angeles, eMount Palomar, kwenye indawo, futhi ukhangele kulokho, leyo mipikitsha abayithethayo. Futhi leyo ndawo enkulu yokubonela izinkanyezi, lapho khona ikhulu lamatshumi amabili ezigidi zeminyaka yendawo yokukhanya,

ongayibona. Kwehlise lokho phansi kumamayila, futhi ubone lapho ongaya khona. Ngani, ubuzabhala umzila wamanamba ekasificamunwemunye ubhoda lelidolobho, kunjalo ungeke ukwehlisele phansi kube ngamamayila. Kodwa ngaphezu kwalokho kusasekhona uhlelo lwezinkanyezi, kusedlula kusiya! Futhi lapho umuntu ekhangela lokho, kukhona into eyodwa ongayenza, yikuphakamisa izandla zakho futhi, “Kanjani,” uhlabale, “Umkhulu kanganani Wena! Umkhulu kanganani Wena!” Ngayinye itshibilika ngokupheleleyo, baze bakutshela ukufiphala kwelanga lenyanga, iminyaka engamatshumi amabili anduba kwenzakale, kuthi nta ngomzuzu. Kwabalelwa isikhathi ngokupheleleyo nguNkulunkulu!

⁶² Futhi-ke nxa nje ungananzelela emvelweni, ukuthi uNkulunkulu uhamba kanjani phakathi kwendalo Yakhe. Ukuthi umhlaba ulalamele kanjani eceleni kancane nje, ukuletha umoya otshisayo loqandayo ndawonye, ukwenza izulu elithelezela izilimo zakho. Ukuthi uNkulunkulu uphila kanjani endalweni Yakhe! Liyakukholwa lokho? Sibili, Uyakwenza.

⁶³ Futhi ngesinye isikhathi esedluleyo ngangikhuluma lomuntu, ngesifundo sikaNkulunkulu. Futhi khona kwakuphansi, eKentucky. Futhi wathi kimi...Waye ngongakholwayo. UMnu. Wood lami sasizingela osinti, futhi saya kuye ukucela uba sasingazingela endaweni yakhe. Futhi wathi, “O, qhubekani,” watsho.

⁶⁴ UMfowethu Wood wathi, “Lowu yimi lomalusi wami—wami, ufuna ukuzingela.”

⁶⁵ Wathi, “Wood, ungatsho ukuthi usuwehle phansi uze uthwale umtshumayeli kanye lawe sonke isikhathi?”

⁶⁶ Futhi yena wasesithi, “Hatshi, lowu ngumalusi wami nje kuphela.” Wathi, “Uthanda ukuzingela.” Futhi ngathi...

⁶⁷ Futhi ngangikhempile egangeni okungaba phose amaviki amabili, lendevu ezingaba yingxenywe ye intshi ubude; futhi—futhi ngingcolile ngalokho engangiyikho, ekulaleni phansi, ngendlela esasikhempe ngayo. Ngangiphandle, ngiphumulile. Futhi yiyo indlela yami yokuphumula, ngoba ngafumana uNkulunkulu emvelweni. Lelo kwakuliBhayibhili lami lokuqala, kwakunguNkulunkulu emvelweni Yakhe, endalweni Yakhe.

⁶⁸ Futhi wathi, “Awu,” wathi, “kulungile ngiyathemba, ukuhambisana labatshumayeli.” Wathi, “Kodwa, uyazi, ngilombono wami ngalezo zinto.” Wathi, “Angikhulwa kuloba yiluphi uhlobo lwenkolo.” Futhi kwaku leyinye indoda eyayihlezi laye. Futhi—futhi saqhubekela phambili, sikhuluma ngenkolo (bakwenza) okwesikhatshana. Futhi ngama nje khona lapho, ngisidla i apula engalidobha phansi emhlabathini.

⁶⁹ Futhi yena, lindoda endala eyayifanele ukuba ngumuntu ongakholwayo, wathi, “Ngihlezi ngimangala. Ngingathanda

ukuhlangana lomtshumayeli oyedwa.” Futhi wathi, “Ngulowo owayelapha eActon, ngaleso sikhathi.” Wathi, “Uyazi, udade omdala phezulu ngapha koqaqa; angeke ngibize ibizo lakhe nje okwakhathesi.” Wathi, “Lowo ndoda wayemile lapho eCampgrounds yamaMethodisti,” esekelwa libandla leMethodisti. Kuyamangalisa lokho, kodwa kwenzakala. Futhi sasilomkhankaso wokusilisa.

⁷⁰ Manje, lina maMethodisti kumele likukholwe lokho. UJohn Wesley wayekholwa kukho. Ngempela, wakwenza. Bonke abaguquli bakuqala babekholwa ekusilisweni nguNkulunkulu.

⁷¹ “Futhi,” wathi, “emile emhlanganweni lobobusuku, wakhuluma kudadewabo walowo mfazi omdala phezulu lapha. Ukuthi umkami lami lendoda yakhe, konke esasingakwenza (waye sephelile ngokudlulisileyo ngemvukuzane, odokotela sebemehlulekile, amaviki ngaphambili), lokumfaka embedeni olendawo yokuthambisela khona lokho kusa.” Wathi, “Wayesesimweni esinjalo!” Futhi wathi, “Udadewabo waye kulowo mhlango. Futhi lumtshumayeli wabiza ibizo lomfazi lowu, futhi wantshela ukuthi abuye, ‘abeke ihenki emfazini lowu olemvukuzane,’ udadewabo. Futhi wakwenza, lobobusuku. Futhi ukusa okulandelayo, wadla ihamu lamaqanda, futhi wapheka amaphayi ama apula akhazangiweyo okokudla kwekuseni, futhi wakudla.” Wathi, “Ngifuna ukuhlangana lomtshumayeli lowo ngolunye usuku.” Ngama nje lapho.

Futhi ngathi, “Ungabamazi umtshumayeli na?”

⁷² Wathi, “Hatshi, angimazi.” Futhi uMfowethu Wood wakhangela khona kimi, futhi wacwayiza.

⁷³ Futhi ngathi, “Uzama ukungitshela ukuthi kawukholwa ukuthi kuloNkulunkulu?”

Wathi, “Ngingeke ngikukholwe ngaphandle ngikubone.”

Ngathi, “Ngabe sidala okunganani lesi sikhathi se apula?”

“O,” wathi, “Ngasihlanyela khona lapho phose iminyaka engamatshumi amane edlulayo.”

⁷⁴ Ngathi, “Yikuqala kukaMpandula kuphela, kasikabi lomkhathi oqandayo kumbe ulutho. Ngitshela, mnumzana, kuyini lokho okukhulumayo, yikuKhalipha bani okukhuluma kulesi sikhathi futhi kwenza lowomhluzi utshone phansi empandeni futhi uzifihlele ubusika? Thela amanzi phezu kwesigodo futhi ubone nxa kungakwenza, kumbe ufake ipane egcweleyo kuso, futhi ubone uba kuzakwehla phansi kucatshe phansi emhlabathini, kubalekela umkhathi oqandayo. Uba kungakwenzi lokho, umkhathi oqandayo ungabulala isikhathi khona ngokuphangisa. Kodwa enye Inhlakanipho iyangenisa umhluzi phansi emhlabathini, uphume kulesi sikhathi, futhi isigcine sona sikhudumala; kusukela emahlamvini, awela emhlabathini, kusuka esikhathini. Lentwasa elandelayo,

ngaphambi kokuba umkhathi uqale ukuba phakathi laphakathi, nanku usiza umhluzi uphenduka phezulu, uletha ndawonye layo impilo entsha. Chasisa lokho kimi. Ngitshela lokho okukwenzayo.”

Wathi, “Angikaze ngikucabange lokho ekuqaleni.”

⁷⁵ Ngathi, “NguNkulunkulu endalweni Yakhe. UNkulunkulu uyabalela into yonke isikhathi ngokuqondileyo.”

Wathi, “Ngubani ibizo lakho?”

Ngathi, “Ngingu Mfowethu Branham.”

⁷⁶ Wathi, “Yiyo leyondoda, ibizo—ibizo lalindoda eyayikhonale.”

Ngathi, “Kunjalo.”

⁷⁷ Wathi, “Lendevu zonke lezo, futhi ugcewele igazi likasinti, wena?”

Ngathi, “Lokho nje kuyafana nje, mina, nginguye lumuntu.”

Wathi, “Wamazi njani umfazi lowo?”

Ngathi, “kangizange.”

⁷⁸ “Wakwazi njani ukuthi waye zakusila?” Wathi, “Wedlule nje emgwaqweni phansi lapha, yena lendoda yakhe, isikhatshana esedluleyo, ehamba.”

Ngathi, “Angizange ngibekwazi.”

Wathi, “Wamsilisa na?”

⁷⁹ Ngathi, “Hatshi, mnumzana. UNkulunkulu wakutshengisa, uNkulunkulu wamsilisa, kungumusa Wakhe omangalisayo!”

⁸⁰ Wayesidla i apula, futhi waseliluma. Futhi watshibilikisa ikhanda lakhe, wathi, “Lingaqhubekela phambili lizingele osinti.”

⁸¹ Ngakhangela lapho, futhi inyembezi zisehla ezihlathini zakhe. Ngamsingatha ngengalo yami, ngathi, “Mfowethu, uyaMkholwa, akunjalo na?” Wavumisa ikhanda lakhe njenga *lokho*, futhi watshibilika wabhoda futhi waya phandle egumeni lesibaya. O, uNkulunkulu usendalweni Yakhe!

⁸² Ngesinye isikhathi esedluleyo, ongakholwayo wayebhoda ilizwe, iminyaka edluleyo, amatshumi amane, amatshumi amahlanu, amatshumi ayisithupha eminyaka eyadlulayo, ethola abaphendukayo. O, wayekhaliphile kakhulu kanye lenhlakanipho yakhe kwaze kwathi abatshumayeli besimanje, sikhuluma ngokuhlakanipha, babengeke bambambe lutho ngaye. Futhi waphendukisa abantu ukuba bengakholwa. Futhi ngesinye isikhathi impilakahle yakhe yahlelela phansi; wenyukela eColorado, duzane lepulazi lenkomo lapho engangijwayele ukugcina khona inkomo futhi ngisebenza. Futhi wayethatha ikhefu emuva lapho. Indoda engiyaziyo, futhi uyise, wayequme i—indlela lapho, ukufaka ikhempu yakhe.

Futhi ngolunye usuku wayehamba ebuyela, futhi wasesima. Futhi wakhangela emadwaleni, futhi wathi, “Lavela ngaphi nje? Lafika njani lapho?” Futhi imimoya yaqala ukuvunguza. Wathi, “Bengingaqondanga sonke isikhathi? Uba kukhona uNkulunkulu, maka Khulume kimi!”

⁸³ Khonapho, lowo ongakholwayo abatshumayeli kumbe kungela lomuntu o—owayenga misana laye kumbe amelane laye, bengizama ukutsho, emazwini okuhlakanipha kwakhe, kodwa babemesaba. Kodwa iBhayibhili lathi, “Uba bethula, amadwala azamemeza khonapho.” UNkulunkulu ulendlela yokwenza izinto. Amadwala amemeza! Khonapho emadolweni akhe, ubuso bakhe emhlabathini, wanikela umoya wakhe wokungakholwa kuNkulunkulu, futhi waba ngohlabusayo, umKhristu ozithobileyo. “Bangathula, imvelo izamemeza.”

⁸⁴ Mina, ngingumzingeli. Ngi—ngiyathanda ukuzingela, ngoba kulapho engafumana khona uNkulunkulu, kuqala, kwakusemaguswini. Lapho ngisaqala ukufuna ukuMkhonza, ngangingazi ukuthi ngikhuleke njani. Futhi sasingahambi ebandleni; abantu bethu, emuva, babe...mina, babenga maKatolika. Babengakaze...Beyi Irish, ngemvelo, umama lobaba, bonke; ngaphandle, ubabamkhulu wami wayengu mIndiya. Futhi ke ba...ngangikwazi ukukhuleka. Futhi ngangifuna ukusindiswa, futhi, liyazi lokho engakwenza kuqala? Ngahlala phansi ngabhalela uNkulunkulu incwadi, futhi ngaMtshela ukuthi ngiyaxolisa ngalokho engakwenzayo. Futhi ngangizakuya phandle eguswini, endleleni lapho engangijwayele ukuba lomuzwa ongazwisisekiyo lapho ngangidlula kulezo ndawo, futhi ngangizakuyibethelela esihlahleni ukuze Ayibale lapho Esedlula lapho. Ngoba, ngangikwazi Wayehlala phandle eguswini kwenye indawo. Ngangibone izinto ezinengi zisenzakala; ngangikwazi ukuthi Uhlala kwenye indawo. Futhi ngacabanga, “Yena, ekhululekile esonweni, Wayezakuba ephandle endaweni lapho okwakuhlazekile khona, lalapho abantu ababengekho khona.” Waye eng...Nganginga Mfumana ngcono kulalokho engangikwenza phakathi ezindaweni lapho abantu ababengcolise khona. Ngafunda, iBhayibhili lami lokuqala lalivela emvelweni.

⁸⁵ Kumbe, u—uthathe lawa amadada amancinyane. Avela eNingizimu lapha, futhi aphume phandle, khonale phezulu eCanada, futhi ayenze izidleke zawo phezulu emadakeni. Futhi ayabekela amaqanda awo, futhi amadada amancinyane azalwe. Futhi, khona-ke, lokho kusentwasa. Lowo mnyaka, ayakhula, ihlobo lonke ayondliwa. Futhi lapho isikhathi sobusika sisiza, isikhathi sokuqala kusiza umoya oqandayo uvunguza ezintabeni, lapho okulongoqowane khona, uvunguzela phansi elizweni lamafusi lapho okukhona iziziba ezinkulu, kumbe phansi kwentaba, futhi lowo moya wokuqala oqandayo

uvunguza usedlula lapho, kanye longqoqwane phakathi kwawo; kwenye indawo phakathi komzhizhi omkhulu wamadada kulelichibi, kulomkhokheli omncinyane, iqhude elincinyane. Uzagijima khona lapho phakathi kwechibi lelo, aphakamisele umlomo omncinyane phezulu emoyeni, futhi akhale kane kumbe kahlanu, lonke idada echibini lizakuza kuye. Uzaphakama esuka lapho. Akazake asuke kulelo chibi; wazalelwa khonapho kuleyo ntswa. Uzaphakama asuke lapho echibini futhi ahambe nje eqonde eLouisiana ngalokho angakwenza, kuzo insimu zerayisi; kungela ngitsho inkombandlela. Bakubiza ngokuthi “umuzwa wemvelo.”

⁸⁶ Ngihlezi ngicabanga ukuthi, nxa uNkulunkulu wapha ulwazi olweneleyo edadeni, olubizwa ngokuthi “umuzwa wemvelo,” ukumkhokhelela kude lohlu pho, kuyini lokho Afanele ukuthi akwenze ebandleni elizelwe kutsha, eligcwele uMoya oNgcwele? Kuyini Afenele akwenze? Akala nkombandlela, kodwa wazalwa engumkhokheli! Amadada ayamazi umkhokheli wawo, kodwa ibandla kalimazi. UMoya oNgcwele nguMkhokheli wethu, UnguMfundisi wethu, Uzasikhokhelela eQinisweni, eMpilweni. Amadada ayamazi owabo, kodwa kukhangeleka njengokuthi kwesinye isikhathi kasilahlakanipho enjengaleyo eledada. Ngoba, uthanda ukuhlala kulokho akuphiweyo, kodwa sizama ukucabanga enye into ehlukeneyo. Yikho ukuhlakanipha, uyaphuma phandle kwendalo enkulu kaNkulunkulu.

⁸⁷ Ngizalitshele lokho elingakwenza, abanye benu lina bantu abavela emazweni aqandayo. Ukhangele leyo ngulube ensikazi endala isiya ehlangothini lwenyakatho yoqaqa, futhi ilethe wonke amakhoba leziqo lapho ehlangothini loqaqa eningizimu, futhi izenzele indawo yokulala. Futhi lobobusuku ulalele indaba, futhi indaba zizakuthi, “Kusasa, kuzakuba ngumkhathi omuhle,” ungalaleli lakancane kulokho akutshoyo. Leyo ngulube ensikazi endala iyazi ngcono ngomkhathi kulakho angabakwazi. Kunjalo sibili. Uye kuhlangothi lweningizimu lapho okuzabe kukhudumala khona.

⁸⁸ Ungaya zingela umvundla futhi ubone leyo mivundla ihlezi ngemuva ngaphansi kwesixuku, njenga *lokhu*, khangelela umkhathi oqandayo! Futhi nxa uyibona ingena phakathi kwensimu yomumbu, kulungiselela ukuna.

⁸⁹ Khangela uNkulunkulu nje, Uyanyakaza, o, Umangalisa kanjani! Uba ungavula amehlo akho nje, ungaMbona yonke indawo kuwe. Usendalweni Yakhe, yonke indawo, enyakaza. UMkhangele ekutshoneni kwelanga. UMkhangele ekuphumeni kwelanga. UMkhangele kumchilo wamakhosikazi. UMkhangele yonke indawo. UngaMbona, Akakho kude lawe kulengalo yakho yokudla eyikho. UNkulunkulu usendalweni Yakhe.

⁹⁰ Eminye iminyaka edluleyo, ngangizingela i-elkhi, phezulu eColorado lapho engijwayele ukuzingela khona kancinyane nje. Futhi phezulu ezintabeni lapho, kwakusanda kuba yinkwindla, futhi leqhwa lalingakatshoni okweneleyo ukuxotsha i-elkhi phandle kwezihlahla ezinde, kusiya phansi esihotsheni. Ngakho uJeff lami, umnini pulazi, sasi...Ngangimcedisa ukugcina ipulazi lenkomo phakathi lapho okweminyaka, futhi lokhu ngibancedisa ekuzibutheni. Futhi sasiqanse phezulu, ukuyazingela, futhi yena wayengabe engekho kimi okwensuku ezintathu kumbe ezine. Wayesebuyela emuva phezulu entshonalanga yobhaxa loMfula iTroublesome, futhi ngangizingela obhaxeni lwempumalanga. Futhi nxa sathola i-elkhi, sasizilengisa phezulu, futhi sikwazi indawo yokuletha amabhiza okuthwala, futhi sasisemabhizeni ethu okugada.

